

Inkundla yesihlabathi kalesedi

Mathapelo Mabaso
Jess Jardim-Wedepohl
Thokozani Mkhize



Inkundla yesihlabathi kaLesedi

Le ncwadi ngeka







Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

Inkundla yesihlabathi kaLesedi
(Lesedi's Sandbox)

Illustrated by Jess Jardim-Wedepohl

Written by Mathapelo Mabaso

Designed by Thokozani Mkhize

Edited by Louis Greenberg

Translated by Nonkululeko Nhlapo

with the help of the Book Dash participants on 25 April 2020.

ISBN: 978-1-77623-128-7

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Inkundla yesihlabathi kaLesedi


Mathapelo Mabaso
Jess Jardim-Wedepohl
Thokozani Mkhize





Isikhathi samaholidi futhi ngingakuthokozela ukuya olwandle, kodwa angikaze ngiye.

Engabe kunjani ukudlala esihlabathini sasolwandle.





Isimanga!

‘Buka sikwenzeleni. Inkundla yesihlabathi yokudlala,’ kusho ubaba kaLesedi ethakasile.

UBaba uthi usebenzise amasondo akhe akudala.

UMama uwapende ngemibala engiyithandayo:

**oLuhlaza Okwesibhakabhaka,
oBomvu kanye noPhuzi.**

An illustration of a sandy beach. In the upper left, a person's dark-skinned feet are visible, standing on the sand. The beach is bordered by a dark blue and yellow painted edge. Several colorful beach umbrellas are scattered on the sand, including one with a spiral pattern and others with stripes. The overall scene is bright and sunny.

**Angisakwazi ukulinda ukuyongena
phakathi.**

Ngithe ngingena phakathi esihlabathini
ngezwa izinyawo zami **zifudumala** futhi
zithambile.



Buka!

Ngisolwandle.

Kubukeka ngathi yindawo enhle lena
yokundlala ingubo yami.

Ngibeka nesambulela sami, kodwa umoya
uvele wasithatha.



Ulwandle lwenza **umsindo ohlokomayo**.

Ngigijima olwandle, ngidlala ngamagagasi
ngesikhathi nginyathela isihlabathi kuzodwebeka
unyawo lwami esihlabathini.





Ngisebenzisa ibhakede kanye nefosholo
lami ukumba amagobolondo.

Atholakala **Ngezimo kanye Nobukhulu**
obahlukene.





Ake ngakhe inqaba yesihlabathi.
Ncinci, inkulu!



Sekuyisikhathi sesidlo sasemini!

Mhlawumbe kumele ngithole isamishi
elenziwe ngojamu wamajikijolo.
Mmm, intandokazi yami.






Okumnandi okudliwa ekugcineni, uMama ungilethele **u-ayiskhilimu kashokoledi.**



Ngicambalele engutsheni yami
ngizidlela u-ayisikhilimu ngizibukela
isibhakabhaka siphenduka
siba phinki.





Umama nobaba kaLesedi bayamubuka,
amehlo abo agcwele intokozo.

‘Kuyangithokozisa ukuthi sikwazile ukufeza
iphupho lakhe khona lapha ekhaya,’ kusho
umama kaLesedi.



Ngiyabonga Mama noBaba.

Namuhla kube
wusuku oluhle kakhulu
empilweni yami.





